I-KwaZulu-Natal Performing Arts Company Yamenyezelwa ngokwesigaba 3(1) soMthetho Wezikhungo Zezamasiko, we-1998 (uMthetho No.119 we-1998) mhla lulu-1 kuMbasa wezi-2003
PO Box 5353, DURBAN, 4000, 29 Acutt Street, DURBAN, 4001, KwaZulu-Natal, South Africa
Ucingo: (031) 3699555, iFeksi: (031) 306 2166, Production Services Mayville, Ucingo (031) 208 4171 iFeksi: (031) 208 4162
i-imeyili: info@playhousecompany.com; http://www.playhousecompany.com

I-THE PLAYHOUSE COMPANY
ISIMEMO SEZICELO ZOKUSEBENZISANA - INkomba – PHC 49/2016

UKUHLINZEKA, UKUXHUMA, UKUWAHLOLA UKUTHI AYASEBENZA YINI KANYE NOKUNIKEZA ISIQINISEKISO SOKUSEBENZA KWAMA-GENERATOR AMA-3 OHLOBO LWE- 825KVA E-THE PLAYHOUSE COMPANY.

Kucelwa aBahlinzekimsebenzi abakufundele abanolwazi olunzulu ukuba bafake izicelo zokwenza isifanekiso sokusongozwayo, bahlinzeke, baxhume, bahlole ukuthi ayasebenza yini futhi banikeze isiqinisekiso sokuthi ayasebenza ngempela ama-generator amathathu (3) ohlobo lwe- 825KVA , esakhiweni semidlalo yeshashalazi i-The Playhouse Company esiku- 231 Anton Lembede Street, eThekwini.

I-The Playhouse Company iyisiKhungo Sezamasiko esibhaliswe ngokweSigaba 3(1) soMthetho Wezikhungo Zezamasiko, we-1998, ukugqugquzela ezobuCiko Namasiko KwaZulu- Natali.

Umsebenzi ozokwenziwa ubandakanya lokhu okulandelayo*:*

- Ukulungiswa, ukwakhiwa kwefawundesheni ezodingeka ukuze kuchunywa khona ama-generator;
- Ukuhlinzekwa kanye nokuxhunywa kwama-generator amathathu (3) ohlobo lwe-825KVA asebenza ngodizili kanye ne- synchronisation panel;
- Ukuwahlolisisa ukuthi uyasebenza yini ngenkathi exhunywa;
- Ukugcina uhlelo lokuwanakekela futhi zikhathi zonke ahlale enakekelwa ama-generator;
- Ukuhambelana nayo yonke imithethonqubo namaqophelo aqondene nama-generator abalulwe emafomini ethenda.

Amaphepha amathenda ayatholakala eNhlokohhovisi yase-- The Playhouse Company, ku-29 Acutt Street ngehora le-10h00 mhla zizi-**04 kuLwezi wezi-2016**. Ukuze ukwazi ukuthola amaphepha ethenda kudingeka ukhokhe kuMnu. Sudesh Harilal (ext. 9443) imali engukheshi okungu- R 350 ongayukubuyiselwa wona.

Kuzoba nomhlangano ophoqelekile wokuyobona indawo mhla ziyi-**21 kuLwezi wezi- 2016 ngehora le-10h00** e-The Playhouse Company, ku-231 Anton Lembede Street, eThekwini.

Usuku lokuvala ukuthunyelwa kwezicelo umhla ziyisi**- 12 kuZibandlela wezi-2016 ngehora le-11h00**. Ayothunyelwa sekwedlule isikhathi angeke abhekelelwa. Kuyomele athunyelwe efakwe emvilophini evalwe ngci bese iqondiswa ekhelini elingenhla.

Okunye okudingekayo kubalwe lapha ngezansi:
• Ukuthi urejistile ohlwini lwabahlinzekimsebenzi oluyisizinda jikelele lukaMgcinimafa kaZwelonke (C.S.D)
• Izicelo kumele zihambisane nombiko wokuthi urejistile oHlwini Lwabahlinzekimsebenzi Oluyisizinda Jikelele;
• Izicelo kumele zilethwe ngesandla ekhelini elibalulwe ngenhla;
• Kuphoqelekile ukuthi ube nesitifiketi esisemthethweni esiqinisekisa ukuthi uyayikhokha intela, kungabi yikhophi (original Tax Clearance certificate);
• Kudingeka iSitifiketi se-BEE;
• I-The Playhouse Company ayiphoqelekile ukuthi ithathe obize kancane.

Ngemibuzo uyacelwa ukuba uxhumane no –- Nkk. Kay Khan, kule nombolo yocingo: 031- 369 9422 noma kule i-imeyili kayk@playhousecompany.com